

# PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY

INCWADI YEGRAIN SA YABALIMI ABASAKHULAYO



Isithombe: Ithimba eliThuthukisa abaLimi

## BALA IZINDLEKO NGAPHAMBI KOKUBA UTSHALE

PULAZI KUFANELE LIBONAKALE NJENGEBHIZINISI FUTHI LIHAMBE NGOKUNJALO. UKULIMA AKUKHO MAYELANA NOMSEBENZI OWENZIWA NGEZANDLA UKUKHIQIZA ISILIMO, KODWA FUTHI KUFANELE KWENZIWE INZUZO. IMITHETHO EQINILE YOKUPATHA KUFANELE YENZIWE, IQALISWE UKUSEBENZA FUTHI ILANDELWE UKUQINISEKISA UKUTHI ABALIMI BANGAKHQIZA NGOKUNENZUZO NOKUQHUBEKELA PHAMBILI.

Ushicilelo IwePula kaJanuvari 2023, i-athikile ethi 'Hlelela phambili isizini yokutshala.' Kule athikhili, kuneminingwane emayelana nokuzihlanganisa izindleko zakho zokuhiqiza. Oshicilelweni lukaJulayi IwePula, kule-athikile ethi 'Gwema izimali ezingalindelekile ezingahlelwe' etholakala, lapho kwakuxoxwa khona ngeminingwane yezindleko ezingaguquki.

Ukutshala yikhathi somsebenzi obucayi kanye nokukhetha isikhathi esifanele sokutshala singaba luhkuni. Ngabe, yisiphi isikhathi esilungele ukungatshal? Ukuphendula lo mbuzo, kufanele ubheke izindleko zama-input nemali engenayo.

### IZINDLEKO ZAMA-/INPUT

Izindleko zama-input okulima yizo zonke izindleko obhekana nazo uma ukhiqiza isilimo. Okwenza kube nzima kakhulu kwezolimo, izindleko zama-input zichazwa njengazo zonke izindleko ezihambisana nokuhiqiza kanye nokuvuna izilimo ezifana nophethiloli/dizili, umanyolo kanye namakhemikhali ezolimo.

Ama-input angahlukaniswa ngemikhakha emibili, ebizwa ngo:

- Izindleko ezingaguquki, aziguquki noma kukhula noma kunciphra ngenani lezimpahla kanye namasevisi akhiqiziwe noma adayisiwe.

Ngokwemigomo yezolimo, lezi yizindleko okufanele umlimi azikhokhe, kungakhathalekile ukuthi ukhiqizile noma engakhiqizanga. Lezi izindleko zenyanga noma zonyaka ezifana nentambo eqashive kagesi, irenti, amaholo kanye nezindleko zokuphila – izindleko eziyohlala zifana nge-nyanga noma ngonyaka.

• **Izindleko eziguquguqukayo** uguquku mayelana nokuthi inkampami yakho ikhiqiza noma idayisa kangakanani. Ngokwemigomo yezolimo, lezi yizindleko ezikhulayo uma umkhiqizo ukhula. Lezi zindleko zizokhula noma zinciphe uma umkhiqizo ukhula noma wehla. Iziboneko zalokhu uphethiloli/dizili, imbewu, amakhemikhali ezolimo nomanyolo.

**Kafushane, isamba sezindleko = izindleko eziguquguqukayo + izindleko ezingaguquki.** Ngokwemigomo yokulima, isamba sezindleko zokuhiqiza isilimo siyalingana nezindleko ezinkulu ezifana nerenti, ukulondolozwa kwemali, ilayini likagesi eliqashiwe, nezintela, kanye nezindleko zembewu, umanyolo, uphethiloli namakhemikhali ezolimo.

### IHOLO

Iholo yinani lemali noma impahla etholakala ngenkokhelo yezimpahla ezidayisiwe noma amasevisi anikezwayo.

**i-Gross income** kwezolimo inani lesamba semali etholwe ngumlimi ngemikhqizo ayikhqizile nayidilivile. Ngokuphathekayo imigomo yommbila, kusho amanani e-Safex uma kususwa eyezithuthi ne-differential uma kususwa izindleko ze-silo – ngamanye amazwi, amanani entengo yasepulazini phecelezi **farmgate times** isivuno yi-gross income.

**i-Net income** ingaphinde ibizwe ngenzalo. Yimali engenayo emva kwazo zonke izindleko sejisusiwe. Izindleko zifaka phakathi zonke izindleko ezidalwe izintela, uphethiloli, ezentela, umanyolo nokususiwe.

**i-Net income = i-gross income** kususwe izindleko.

## Bala izindleko ngaphambi...

### YISIPHI ISIKHATHI ESINGALUNGELE UKUTSHALA?

Inhoso yanoma yimuphi umlimi kufanele cube ukukhiqiza imikhiqizo ngendlela yokuba kukhaveke izindleko zesilimo sakhe nezindleko zokuphila – kuhinde kusale okwanele ukuba atshale *i-crop cash*, noma ukuseva njenge-asethi ezomsiza ekutholeni imalimboleko.

Ngakho ke abalimi kufanele basebenzise le-ikhweshini elandelayo ukuhlola isikhathi esifanele sokutshala:

#### I-Profit/loss = imali etholakele kususwe izindleko

Ngokwemigomo yokulima, lokhu kusho ukuthi *i-net income* (inza-lo) isho imali etholwe umlimi ngokudayisa imikhiqizo yakhe sekususwe izindleko zokukhiqiza.

Kubaluleke kakhulu ukuthi abalimi bacwaningisise ngaphambi kokuba bazinikele ekutshaleni isilimo. Lokhu kusho ukuthi umlimi kufanele acophelele ekuqagulenii kwakhe ngezindleko nangemali ezotholakala, njengoba ukuqagula okunganembiyo kwalemiqondo kungaholela ekutheni kungahambi kahle futhi ulahlekewi.

### IZINDLEKO ZESIZINI KA-2023/2024

Ngabe kuzobiza malini ukutshala ihektha ngonyaka wokukhiqiza ka-2023/2024?

#### Isizini yokukhiqiza ezifundeni eziseNkabeni naseNtshonala-nga yeNkangala

Kuthebula 1, intengo yommbila, kabhekilanga nobhontshisi isoya ezifundeni eziseNkabeni naseNtshonala-nga yeNkangala phecelezi *Central and Western Highveld* ikhonjiswe ngezivuno ezahlukene. Lezi zindleko ziyyibonele – zingahlukana kakhulu kulezi zaibalo. Amanani entengo kamanyolo, *e-herbicide*, *e-pesticide* nakaphethiloli/dizili nawo asengaguquka ngaphambi kokutshala. Wonke umlimi kufanele ahlanganise ibhajethi yakhe futhi bese ethatha isinqumo esifanele.

- Ngokuka-**Thebula 1**, intengo yesivuno samathani awu-3 okungenani kufanele abe u-R5 072,46 kanye nangesivuno samathani ayi-5, inani lomlimi kufanele libe ku-R3 826,82 uma kunqanyulwa ngokulinganayo.
- KuBhekilanga, *i-break-even price* yethani elilo-1 ihektha kufanele libe u-R9 342,84 nangesivuno samathani ama-2, kufanele kube u-R6 805,94.

#### Izifunda ezikhiqiza eMpumalanga yeNkangala

**KuThebula 2**, izindleko zokukhiqiza ummbila nobhontshisi isoya ezifundeni eziseMpumalanga neNkangala zikhoniswa ngezivuno nezhlukeni. Lezi zindleko njengoba kushiwo ziyyibonele futhi zingahluka kakhulu

1 Isilinganiso senani lentengo kamkhiqizi wommbila nobhontshisi isoya endaweni eyomile eseMpumalanga neNkangala ngonyaka wokukhiqiza ka-2023/2024.	Ummiba ngenani lika-R3 900/t	Ubhekilanga ngenani lika-R8 600/t				
Ukuhlela isivuno (t/ha)	3	4	5	1	1,5	2
I-Gross value yokukhiqiza ngokwe- (R/ha) @ ngokwenani eli-avareji lesilimo	11 700	15 600	19 500	8 600	12 900	17 200
<b>Izindleko eziguquguqukayo ezingabiwa nge- (R/ha)</b>						
Imbewu nezithombo	1 551,58	1 706,74	2 017,06	582,45	776,60	873,67
Umanyolo	3 605,11	4 806,81	6 008,51	2 004,03	2 383,08	2 951,65
Umcako	219,38	219,38	219,38	219,38	219,38	219,38
Uphethiloli	1 737,48	1 799,52	1 861,56	1 463,24	1 505,97	1 548,69
Ukukhanda	773,83	782,32	790,82	675,59	679,84	684,09
Isibulala khula ( <i>Herbicides</i> )	1 096,01	1 096,01	1 096,01	433,27	433,27	433,27
Izibulala zinambuzane ( <i>Pesticides</i> )	710,48	710,48	710,48	91,04	91,04	91,04
Umshwälense wama- <i>input</i>	512,46	683,28	854,10	188,39	282,58	376,78
Ukuvikelwa kwamanani	582,57	678,64	781,98	171,45	194,95	221,89
Umsebenzi wetoho	-	-	-	-	-	-
Umshwälense wesilimo	268,81	358,41	448,01	173,90	260,85	347,80
Ukfutha ngendiza	-	-	-	-	-	-
Inzalo yemali yokukhiqiza	552,89	642,08	739,40	300,14	341,38	387,41
<b>Isamba esiqondile sezindleko ezingabiwa ngokwe- (R/ha)</b>	<b>11 610,59</b>	<b>13 483,67</b>	<b>15 527,31</b>	<b>6 302,87</b>	<b>7 168,93</b>	<b>8 135,67</b>
<b>Isamba sezindleko ezingeziwe ngokwe- (R/ha)</b>	<b>3 606,79</b>	<b>3 606,79</b>	<b>3 606,79</b>	<b>3 039,97</b>	<b>3 039,97</b>	<b>3 039,97</b>
<b>Isamba sezindleko ngehektha ngaphambi kwemakethe (R/ha)</b>	<b>15 217,38</b>	<b>17 090,46</b>	<b>19 134,09</b>	<b>9 342,84</b>	<b>10 208,90</b>	<b>11 175,65</b>
<b>I-margin ngehektha ngaphambi kwezindleko zokumaketha nenzozo (R/ha)</b>	<b>-3 517,38</b>	<b>-1 490,46</b>	<b>365,91</b>	<b>-742,84</b>	<b>2 691,10</b>	<b>6 024,35</b>
<b>Isamba sezindleko ngethani ngaphambi kokumaketha (R/ton)</b>	<b>5 072,46</b>	<b>4 272,62</b>	<b>3 826,82</b>	<b>9 342,84</b>	<b>6 805,94</b>	<b>5 587,82</b>

\* (Inani kususwe isamba sezindleko zokumaketha)

kulesi sibalo. Wonke umlimi kufanele ahlanganise ibhajethi yakhe futhi bese enza isinqumo ngokufanele.

- Ngokuka-Thebula 2, intengo yesivuno sika-4,5 thani kufanele okunge-nani kube u-R4 330 kanye nesivuno sika-7 thani, intengo yomlimi ku-fanele ku-R3 608,09 *i-break even*.
- Kubhontshisi isoya, intengo *i-breakeven* ka-1,5 thani *i-hektha* ku-fanele kube u-R10 324,60 bese kuthi isivuno sika-3 thani, sifanele sibe u-R6 248,81. Kubhajethi kabhontshisi isoya, umanyolo (noma isilungiso sikamayolo) sesifakiwe.

**U-CHRISTIAAN VERCUIEL,  
USOMNOTHO WEZOLIMO, KWA-  
GRAIN SA NO-PIETMAN BOTHA,  
UMELULEKI WEZOLIMO OZIMELE**



### Isoya ngenani lika- R7 800/t

1	1,5	2
7 800	11 700	15 600
908,04	1 362,05	1 589,06
254,78	254,78	235,91
255,42	255,42	255,42
1 711,77	1 803,54	1 598,16
1 542,86	1 630,26	1 717,66
941,85	941,85	941,85
961,07	961,07	961,07
-	-	-
278,68	347,52	410,29
-	-	-
804,99	1 207,48	1 609,98
-	-	-
382,97	438,20	465,97
<b>8 042,43</b>	<b>9 202,17</b>	<b>9 785,37</b>
<b>3 279,63</b>	<b>3 279,63</b>	<b>3 279,63</b>
<b>11 322,06</b>	<b>12 481,8</b>	<b>13 065,00</b>
<b>-3 522,06</b>	<b>-781,8</b>	<b>2 535,00</b>
<b>11 322,06</b>	<b>8 321,2</b>	<b>6532,50</b>



## IZWI LIKA...

*Dr Sandile  
Ngcamphalala*



**A**BALIMI ABANINGI SEBEQEDILE UKUVUNA MANJE FUTHI SEBELUNGISELELA ISIZINI ENTHA. NGIYANIHALALISELA NGOKUPHUMELELA KWENU UKUTHUTHA ISILIMO EMASIMINI. KUBE NZIMA KAKHULU KUBALIMI BAKABHONTSHISI ISOYA NABOBHONTSHISI OWMILE, ABANINGI ABAKWAZANGA UKUNGENA ENSIMINI BEYOVUNA NGENXA YEMVULA EBILOKHU INE NJALO.

Nakuba kube yisizini enhle kubalimi abaningi, bakhona futhi abanye abalimi abaningi ababe nesizini enzima kakhulu. Isomiso esibonakale ngoDisemba odlule kwaze kwaba yiviki lokugcina likaFebhuwari okwasho ukubambezeleka kokutshala kwabaningi.

Lana unomphela lingami kwaze kwaba yiviki lokuqala likaJuni. Isilimo asizange sikhule kahle ngaphansi kwezimo ezinemvula eningi nezimo ezibanda kakhulu, ikakhulukazi ezifundeni zaKwaZulu-Natal naseMpumalanga neFreystata. Iningi labalimi ezingxenjeni ezisempumalanga nezwe babebhekile ngesikhathi isilimo sabo simoseka emasimini bengakwazi ukuyovuna. Kaningi, kwadingeka ukuba kusetshenzwe ngezandla bezama ukutakula isilimo.

Ukuguquguquka kweklayimethi kuyiqiniso kubo bonke abalimi bokusahlamvu eNingizimu Afrika. Kuyakhula ukungaqondakali kwesimo sezulu ezindaweni eziningi. Izibikezelo zikhombisa isizini eyome kakhulu, kodwa asikwazi ukulawula okulindelekile.

Kungenzeka noma yini. Okuncane esingakwenza, ukuhlela ngendlela, silungiselele futhi ukutshala ngesikhathi. Njengoba sisemaphethelweni esizini yokuvuna, ngifuna ukwedulisa izwi lokuseka nolokuzwelana njengoba sesihlelela isizini entsha.

Kophathina bethu, siyabonga ngokumbisana nani, ububele benu obungapheli kanye nangoxhaso lwenu ngezimali kule phrogremu. Ngokuseseka kwenu, siyaqhubeke nokuma nabalimi bayasekeleka. Njengoba sisemaphethelweni isizini ka-2022/2023 futhi sesibheke ku-2023/2-24, asiqhubekе nokubambisana futhi sibumbane ukuze siqinisekise ukuba nemboni yokusahlamvu enenzozo neqinile. Le mboni yondla isizwe, ingenye yeziqasha kakhulu futhi iyisizinda sozinzo nekusasa lezwe lethu.

– *U-Dr Sandile Ngcamphalala ngumholi wokuThuthukiswa kwabaLimi kwa-Grain SA.* ■

*Oshicilelwensi IweSingisi Iwe-Pula yale nya-nnga, skena nansi i- QR khodi.*




Amanani omkhiqizi wokusahlamu okusesigabeni esiphezulu kwisilo yendawo *	Ummiba u- R3 900/t			Ubhontshisi isoya u- R7 800/t		
	4,5	5,5	7	1,5	2,00	3,00
I-gross value yokukhiqiza (R/ha) nge-avareji yenani lesilimo	17 550	21 450	27 300	11 700	15 600	23 400
<b>Umshwalese wama-input</b>						
Imbewu nezithombo	2 644,75	3 359,49	4 074,27	1 518,91	1 518,91	1 772,06
Umanyolo	5 722,23	6 965,02	8 829,21	4 806,53	5 483,88	6 431,50
Umcako	272,97	272,97	272,97	-	-	-
Uphethiloli	1 519,65	1 581,68	1 663,03	1 337,81	1 380,53	1 442,57
Ukukhanda	784,86	793,78	807,16	602,89	607,35	616,28
Ama-herbicide	1 504,78	1 504,78	1 504,78	1 617,11	1 617,11	1 617,11
Ama-pesticide	960,26	960,26	960,26	420,38	420,38	420,38
Umshwalese wama-input	330,73	404,23	514,47	242,98	323,97	485,96
Ukuvimbela ukuguquka kwamanani	802,76	925,37	1 091,76	294,36	322,97	374,41
Umsebenzi wezinkontileka	-	-	-	-	-	-
Umshwalese wama-input	579,20	707,91	900,98	785,01	1 046,68	1 570,02
Ukufutha ngendiza	-	-	-	-	-	-
Inzalo yemali yokukhiqiza	756,11	873,77	1 030,94	581,30	636,09	736,51
<b>Isamba sezindleko eziguquguqukayo esaziwayo (R/ha)</b>	<b>15 878,25</b>	<b>18 349,27</b>	<b>21 649,84</b>	<b>12 207,27</b>	<b>13 357,86</b>	<b>15 466,80</b>
<b>Isamba sezindleko ezengeziwe (R/ha)</b>	<b>3 606,79</b>	<b>3 606,79</b>	<b>3 606,79</b>	<b>3 279,63</b>	<b>3 279,63</b>	<b>3 279,63</b>
<b>Isamba (sezindleko/ha) ngaphambi kokumaketha (R/ha)</b>	<b>19 485,04</b>	<b>21 956,06</b>	<b>25 256,63</b>	<b>15 486,90</b>	<b>16 637,49</b>	<b>18 746,43</b>
<b>Imargin/ha phambi kwezindleko zemakethe ne-nzalo (R/ha)</b>	<b>-1 935,04</b>	<b>-506,06</b>	<b>2 043,37</b>	<b>-3 786,90</b>	<b>-1 037,49</b>	<b>4 653,57</b>
<b>Isamba sezindleko/ithani phambi kokumaketha (R/t)</b>	<b>4 330,01</b>	<b>3 992,01</b>	<b>3 608,09</b>	<b>10 324,60</b>	<b>8 318,75</b>	<b>6 248,81</b>

\* (R/t) (Intengo kususwe isamba sezindleko zokumaketha)

AC0015

## EVERY KERNEL COUNTS

*Multiply your maize  
with one DEKALB  
seed per hole.*



With **DEKALB®**, one seed is all you need! The built-in technology in our maize seed unlocks a world of possibilities for your farm and ensures that one seed per hole is enough. Our **DEKALB** seed bags are available in packages of **2 kg**, **5 kg** and **30 000 kernels** and you can choose between stacked traits, **Roundup Ready® MAIZE 2** and conventional hybrids. Discover how **Bayer's** crop protection and **DEKALB** advanced genetics can help you gain the **#DEKALBadvantage**.



[www.cropscience.bayer.co.za](http://www.cropscience.bayer.co.za) // [www.bayer.co.za](http://www.bayer.co.za) // Tel: +27 11 921 5002

Bayer (Pty) Ltd. Reg. No. 1968/011192/07. 27 Wrench Road, Isando, 1601. PO Box 143, Isando, 1600.

The registration owner of **DEKALB®** and **Roudup Ready® MAIZE 2** is **Bayer AG, Germany**.



# UKUPHEPHA: *Izehlakalo*

**U**MTHETHO WEZEMPILO NEZOKUPHEPHA UTHI ABASEBENZI KUFANELE BAKHELE ABASEBENZI BABO INDAWO YOKUSEBENZA EPHEPHILE NENEMPILO.

Nawu umhlahlandlela woku-aplaya:

- Umqashi kufanele ahlanganise uhlaziyo lobungozi oluvusezelwa njalo. Kufanele kuqualiswe uhlelo lwendakshini lwabasebenzi bonke.
- Abasebenzi nabo kufanele bayibone inhlalo yendawo abasebenza kuyo, iphephile. Impahla yokusebenza kufanele ihlolwe njalo ngenyanga, futhi okwephukile kufanele kubikwe.
- Uma kunabasebenzi abangaphezulu kwama-20, kufanele kukhethwe omele ezokuphepha ezomela indawo yokusebenza.
- Abasebenzi kofanele bazibike zonke izehlakalo noma ukulimala komele ezokuphepha noma kusuphavayiza ngaphambi kokuba kuphele ishifhi yabo. Konke ukulimala kufanele kuphenywe futhi kurekhodwe kwi-*Appendix 1* dokumenti. Uma umsebenzi edinga usizo lwezempiro, kufanele ahanjiswe kudokotela/esibhedlela nefomu elidingekayo le-WcL2.
  - Ezinye izehlo kufanele zibikwe umsebenzi kumNyango wezaBasebenzi nakwezempiro yabasebenzi na-kumhloli wezokuphepha. ■



U-CHARL SAAYMAN, UMELULEKI WEZEMPILO  
NOKUPHEPHA KWAMEGA HEALTH AND SAFETY

## Ungathathi izindlela ezinqamulelayo ZOKONGA IMALI

**K**UBALULEKILE UKUBHEKA IBHIZINISI LOKULIMA NJENGEBHIZINISI ELINCANE ILIYILONA NGEMPELA FUTHI UVUME UKUTHI KUNEZINQUBO EZIBALULEKILE ZOKUPHATHA OKUFANELE ZILAWULWE MAYELANA NEZIMALI ZAKHO USUKU NOSUKU.

Ungacabanga ukuthi wonga imali ngokuzilawulela wena mathupha *i-cashflow*, kodwa ngokuvamile lolu hlangothi alunakekile futhi akuyena wonke umuntu onekhono elidingekayo lokukwenza lokho. Umcwaningi mabhuku noma umgcinimabhuku unobuchwepheshe bokucwaninga amarekhodi, ama-invoyisi *i-cashflow* yama-akhawunti ahlekene, nokulandela umkhondo wama-invoyisi ama-akhawunti ezindleko nemali engenayo.

Kubalulekile ukuqondiswa umehluko phakathi komcwaningi-mabhuku nomgcini-mabhuku, njengoba nabo bahlobene kodwa banamaphrofeshini ahlukene:

- Abagcinimabhuku barekhoda *ama-transaction* emali yebhizinisi osuku nosuku, kanti umcwaningi-mabhuku ugxile kakhulu esithombeni esikhulu. Abagcini-mabhuku barekhoda baphinde bahlele idatha yezi-mali, bachaze baphinde babuyekeze ulwazi lwezimali. Abagcini-mabhuku abazihlaziyi lezi zinombolo noma beluleke ngezezimali.
- Abacwaningi-mabhuku banozwazi lomthetho wezentela, ukucwaninga amabhuku nokuhlelo lwezimali futhi banganikezwa iseluleko esijulile ngamabhizinisi. Banawo amandla okucwaninga, bahlanganise futhi basayine ama-*financial statement* ebhizinisi.
- Abacwaningi-mabhuku bayakwazi ukuphatha ukulawulwa kwedatha enigi, ucwaningo lwezimali kanye nokwenza imibiko yezezimali. Baphinde baqinisekise ukuthi inkampane iyahambisana nemithetho ya-kwa-South African Revenue Service (SARS).
- Abagcini-mabhuku baphatha imisebenzi *ye-financial administrative*. Umsebenzi wabo ukugcina amabhuku, balandelete ukukhokhwa kwezikweletu, baphrosese ukukhokhelwa kwamasaplaya, futhi bangaphrosesa ne-payroll bagcwaliwe ne-UIF/PAYE. Uma beqhubeuka nokukwenzela umsebenzi, bayaqhubeuka futhi nokukukhokhisa ngehora.

Umsebenzi eyisisekelo yezezimali nokuphatha phecelezi *administrative*, kujwayelekile ukuqala ngokuqasha umgcinimabhuku njengoba ababizi kakhulu ngehora. Umgcinimabhuku wakho ngokuvamile usebenzisana no-mcwanningi-mabhuku, noma ngisho nasehhovisi lomcwanningi-mabhuku. ■

U-JENNY MATHEWS,  
UNGOTI WEZOKUPHATHA  
NENTUTHUKO NOKUFUNDISA



## Ithimba labahleli

### GRAIN SA: PRETORIA

PO Box 74087  
Lynnwood Ridge  
0040  
■ 086 004 7246  
■ www.grainsa.co.za

### UMHLELI OPHETHE

*u-Dr Sandile Ngcamphalala*  
■ 082 862 1991 ■ Ihovisi: 012 943 8296  
■ sandile@grainsa.co.za

### UMHLELI UKWABA

*Liana Stroebel*

■ 084 264 1422 ■ Ihovisi: 012 943 8285  
■ liana@grainsa.co.za

### UPHATHINA WOKUSHICILELA

#### INFOWORKS MEDIA PUBLISHING

*Isekela mhleli – U Louise Kunz*

■ louise@infoworks.biz

*Umholi wethimba – U Johan Smit*

■ 082 553 7806 ■ Ihovisi: 018 468 2716  
■ johan@infoworks.biz

*Ukushicilela – U Elizma Myburgh, Jesseme Ross*



## Uhlelo IweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

### ABAQONDISI BENTUTHUKO

*Jacques Roux*

Empumalanga neFreystata (e-Bethlehem)  
■ 082 377 9529 ■ Jacques.rouxjr1@gmail.com

*Johan Kriel*

ENTshonalanga neFreystata (e-Bloemfontein)  
■ 079 497 4294 ■ johank@grainsa.co.za

*Jerry Mthombothi*

Mpmalanga (Mbombela)  
■ 084 604 0549 ■ jerry@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8289 ■ Smangaliso Zimbili

*Jurie Mentz*

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)  
■ 082 354 5749 ■ jurie@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8218

*Graeme Engelbrecht*

KwaZulu-Natal (Dundee)  
■ 082 650 9315 ■ graeme@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko

Phumzile Ngcobo (Umsizi ehhovi: Dundee)  
■ 060 477 7940 ■ phumzile@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko

*Liana Stroebel*

Western Cape (Paarl)  
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8285 ■ Hailey Ehrenreich

*Du Toit van der Westhuizen*

North West (Lichtenburg)  
■ 082 877 6749 ■ duotit@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8290 ■ Lebo Mogatlanyane

*Luke Collier*

Eastern Cape (Kokstad & Mthatha)  
■ 083 730 9408 ■ luke@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8280 ■ Luthando Diko  
UCwayita Mpotsi (Umsizi ehhovi: Mthatha)  
■ 078 187 2752 ■ umthata@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8277

### IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu, IsiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.

THIS PUBLICATION IS MADE POSSIBLE  
BY THE CONTRIBUTION OF THE MAIZE TRUST

# Ihlelo Iwempiло yemfuyo Iuvimba ukulahlekelwa

**N** GOKWABAKHIQIZI BENYAMA EBOMVU INHLANGANO I-(RPO), UHLELO LWEMPIЛО YEMFUYO LUVEZA UBU-NGOZI BEMPIЛО YEMFUYO, LUBUBEKA EQHULWINI LOBUNGOZI FUTHI LUBEKE ENDAWENI AMASU OKUNCIPHISA NA/NOMA LUSUSE, NGOKUNCIPHISA AMATHUBA UKUBHEDUKA KWEZIFO.

Ukulahlekelwa yinkomo eyodwa kungafinyelela ukulahlekelweni u-R10 000, nakho ke ukufa kwenkomo eyodwa kusho ukulahlekelwa kakhulu kumlimi ofuye izinkomo. Ngaphansi kwezimo ezimeni eziningi, lokhu kulahlekelwa ngabe kuvinjelwe ukuba ihlelo Iwempiло yemfuyo yasepulazini belukhona futhi waqaliswa ukusebenza ngesikhathi. Iphrogremu yokulawula impilo yomlimi ofuye izinkomo igcina imali ebhange.

Abalimi kufanele basebenzise uhlelo Iwempiло yemfuyo njengethuluzi lophatha, futhi ungalubheki njengomsebenzi wansukuzonke ungenayo inzuzo. I-RPO incoma ukuthi uhlelo Iwempiло yemfuyo kufanele isekelwe olwazini oluthile nasezinkingeni, njengoba imisebenzi yokulima iyahlukana. Kufanele lukwazi ukusiza umlimi ekuhlonzeni nasekulawuleni izinkinga ezithile zezempiло zepulazi ngalinye ngendlela eziklanywe ngayo, ukwenza ngcono nokugcina impilo enhle yemfuyo.



Kubalulekile ukuba wonke umlimi kufanele aqalise ukusebenzisa iphrogremu yempiло enhle yemfuyo.



Uku-implementwa kohlelo Iwezempiло yemfuyo usho okungaphezulu kohlhenga imfuyo. Kungayisiza imfuyo ukuze ihlale isesimeni, sokuzala amankonyane akhuluphele, kuphinde kusize inkomanzi ukuba iphindie yemithe. Inkomanzi engazali, idala ukulahlekelwa yimali emsebenzini wokulima – ukulahlekelwa u-5 kg wokukhulisa amankonyane ayi-100 kungaholela ekulahlekelweni u-R15 000, leyo yisizumbulu semali.

Amaphesenti amankonyane akhulayo asuke ku-70% eya ku-80%, nawo aholela komkhulu umehluko. Ngokulumula inkonyane ngenani lika-R30 ikhilo, lomehluko ungasho u-R66 000 ngaphezulu. Nakanjani omuntu engayisebenzisela okuthile le mali!

Akulona lodwa Iwezempiло yemfuyo olungaquinisa iphesenteji yamankonyane. Uma zonke izinhlangothi zokulima zenziwe ngendlela, lokho kuzoqinisekisa iphesenteji yamankonyane. Ukudla kwempfuyo okuyikhwalithi ephezelu ngesikhathi esifanele kubalulekile ekukhuliseni inkonyane nasekugcineni iphesenteji enhle yenkonyane.

Kubalulekile ukuba wonke umlimi kufanele aqalise ukusebenzisa iphrogremu yempiло enhle yemfuyo. KuThebula 1, isibonelo sohlelo Iwephrogremu yokulawula impilo.

I-RPO yabelana ngezinsika nezisekelo zanoma yiluphi uhlelo Iwemfuyo olusizayo:  
• Udomotela wezilwane unamava noma i-vet noma uchwepheshes wemfuyo.  
• Umliimi ozinikele kule-phrogremu, inesistimu yokugcinwa kwamabhuku futhi ihambelana neziphakamiso ze-vet.

Uma iphrogremu yakho isimi ngomumo, xhumana ne-veterinarian futhi uyilungise ihambisane nemisebenzi yakho yezempiло. Abelaphi bemfuyo ngokuvamile banestimu enolwazi ulungamisana nalokho endaweni, lapho kuqala khona konke ukubeduka kwezifo.

Abalimi banomsebenzi wokukhiqiza imikhiqizo ephephile, kanye nohlelo Iwezempiло yemfuyo kubalulekile ekuqhubekehi kwakho.



**1 Iprogrammu yesisitimu yokulawula amankonyane entwasahlobo.**

INYANGA	SEPT	OCT	NOV	DEC	JAN	FEB	MAR	APR	MAY	JUN	JUL	AUG
<b>IZINKOMO</b>												
Umkhiquizo	Amankonyane			Uku-phakela			Ukwemitha	Ukulumula	Ukudayisa izinkomanzi ezindala nezingamithi			
Iphrogremu yokujova	I-Vibriosis, Rift Valley fever	I-RB51 izinkomanzi ezi- ngamithi					I-Multimun with Se	I-Pasteurel- la BVD	I-Black- quarter Botulism Anthrax	U-Vit A, D, E	I-Rift Valley fever	I-Lumpy skin disease, E.coli
<b>IZITHOKAZI NAMADUNA</b>												
INYANGA	SEPT	OCT	NOV	DEC	JAN	FEB	MAR	APR	MAY	JUN	JUL	AUG
Ubudala (izinyanga)	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10	11	12
Umkhiquizo								ukuzilumula namathole angamaduna				
Iphrogremu yokujova				I-BM heifers (izithole)	I-Black quarter, botulism and anthrax, Pasteurella BVD, IBR P13 (izithole)		I-Multimun with Se		I-RB51 2nd vaccination heifers	U-Vit A, D, E	I-Rift Valley fever	I-Vibriosis, BM heifers, lumpy skin disease
<b>IZITHOLE (1-2 IMINYAKA)</b>												
INYANGA	SEPT	OCT	NOV	DEC	JAN	FEB	MAR	APR	MAY	JUN	JUL	AUG
Ubudala (izinyanga)	13	14	15	16	17	18	19	20	21	22	23	24
Iphrogremu yokujova						I-RB51	I-Multimun with Se		I-Blackleg, botulism and anthrax	U-Vit A, D, E	I-Rift Valley fever	I-Lumpy skin disease, Pasteurella, BVD, IBR, P13
<b>IZITHOLE (2-3 IMINYAKA)</b>												
INYANGA	SEPT	OCT	NOV	DEC	JAN	FEB	MAR	APR	MAY	JUN	JUL	AUG
Ubudala (izinyanga)	25	26	27	28	29	30	31	32	33	34	35	36
Iphrogremu yokujova	I-Vibriosis					I-RB51	I-Multimun with Se		I-Blackleg, botulism and anthrax	U-Vit A, D, E	I-Rift Valley fever	I-Lumpy skin disease, Pasteurella, BVD, IBR, P13
<b>DIKGOMO KA NAMANE YA NTLHA</b>												
INYANGA	SEPT	OCT	NOV	DEC	JAN	FEB	MAR	APR	MAY	JUN	JUL	AUG
Ubudala (izinyanga)	37	38	39	40	41	42	43	44	45	46	47	48
Iphrogremu yokujova	I-Vibriosis					I-RB51	I-Multimun with Se		I-Blackleg, botulism and anthrax	U-Vit A, D, E	I-Rift Valley fever	I-Lumpy skin disease, Pasteurella, BVD, IBR, P13
<b>IZIKELEMU EZIVAMILE EZINKOMENI</b>												
INYANGA	SEPT	OCT	NOV	DEC	JAN	FEB	MAR	APR	MAY	JUN	JUL	AUG
Izikelemu ama-Roundworms		Zonke izilwane, ikakhulukazi izilwane ezisencane										
Izikelemu zebibindi phecelezi Liver fluke	Amasu okulapha: Zonke izilwane			Amasu okuphatha kahle: Zonke izilwane				Amasu okuphatha: Zonke izilwane				Amasu okuphatha: Zonke izilwane
I-Conical fluke								Bheka i-conical fluke kakhulukazi kulezi zinyanga				
Izikelemu ne-coccidia		Izillo zincela amankonyane unyaka wonke					I-Coccidia: Amanknyane unyaka wonke (3 amaviki+)					

**U-PIETMAN BOTHA,  
UMELULEKI OZIMELE  
KWEZOLIMO**



# Iphrogrammu eguqula izimpilo



## Izifundo ezifundisa ngamakhono aphathekayo

**NGOMEYI**, izifundo ezine zamakhono eziphathekayo phecelezi *practical skills* nge-planter nange-boom-sprayer khalibhreshini wabanjelwa esifundeni sase-Dundee. La maseshini onke baxhaswa yi-Maize Trust no-Paul Wiggill, endaweni yase-Bergville, obengumqequeshi.

U-Paul wabika ukuthi iningi lalabo balimi batshala ngesandla, ngakho uku-qequesha kusho ukusetshenziswa kwe-backpack. Kusafesi wonke umuntu ucabanga ukuthi kulula kakhulu, kodwa umuntu kufanele alandele indlela eno-phumela olungile. Abantu abaningi balahlala amakhemikhali futhi bengazigezi neziqukathi, futhi abanye abazi ukuthi ikhandwa kanjani i-backpack uma ingasasebenzi, kodwa manje sebeyakwenza.' Uthe abalimi bazimisele ukufunda nokubuza imibuzo eminingi.

Imibiko evela kubalimi:

- Safunda ukuthi kutshalwa kanjani ngokufanele, ibanga elidingekayo phakathi kwembewu kanye nenani likamanyolo okufanele ufakwe. Siphinde safunda futhi ngokukhalibhretha kwsifutho kanye nokuhlola ukuthi ngabe inani lembewu nomanyolo esiwusebenzisayo, ulungele.
- Ithiyori beyinolwazi olukhulu futhi yethulwa ngendlela okulula ukuyiqondisa. Izibalo zenziwa zaba lula kithi futhi sanikwa amashadi okuba siwasebenzise, nokusiza kakhulu. Siphinde sifunde futhi ukuthi singayilinganisa kanjani inhlabathi yethu, okuyinto ebalulekile ukuba uyazi ngaphambili kokuba uqale ukufutha.
- Ngesikhathi seseshini yokwenza ngezandla, sonke sasibandakanyeka futhi kufanele senze yonke imibukiso. Lokhu kwaba imbangela enhle kwasenza saqaphela ukuthi silungisa kanjani noma yiziphi izinkinga esingaba nazo nge-backpack.



*Ngosuku lokugequesha eMlungweni, abalimi bafunda ukukhanda i-backpack.*



*Laba balimi abethamela le sifundo eSiyalima Siyaphambile babezmisele ukufunda.*



## Abalimi ababekezelayo BAHLEZI BENETHEMBA

**ABALIMI** bamatasa emasimini, ngakho ke iyisithupha kuphela imihlangano ye-study group yabanjelwa ezifundeni ezahlukene. Kwakugxilwe kakhulu ekunakekeleni izilimo esifundazweni, ukufunda kusizini njengoba usuya ngasemaphethelweni nasekuhlelensi isizini entsha.

Amalungu e-Driefontein Study Group alima eMpumalanga ahlangana nomeluleki wawo, uTimon Filter kusuka e-Louisburg ehhovisi lentuthuko, ngomhla ka-17 Meyi. Le ndawo unenkinga yemvula kule sizini.

Amasimu amanangi athanda ukuba namanzi, ngakho ke le sizini beyinzima kakhulu. Inani lama-input laba nobunzima futhi manje ngesivuno esingabukeki kahle, abalimi abaningi bakhathazekile mayelana nokuthi bazokwazi kanjani bazokwazi ukuphinde bakwazi ukuthenga ama-input, kodwa bahlezi bebekezela.

'Ithuba elihle kangaka lokuvakashela abalimi – ngingabakhuthaza ukuba baqhubeke futhi bengadangali. Lesi yisikhathi esihle sokubona okwenzekile nalokho obekufanele sikwenze ngokwehlukile, ukuzama futhi sikulime ngolwazi lwethu nobuchwepeshe njengabalimi abavelele. Ithemba lethu njalo ukuthola umlimi olandelayo olimela ukudayisa kulawo maqembu,' kusho uTimon.



*Abalimi abambalwa base-Driefontein belulekwa u-Timon Filter.*